Isiqinisiso 2

Isihloko sesifundo: Iqiniso likaNkulunkulu

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **Iqiniso likaNkulunkulu**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi Sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). **Qaphela:** 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 2. 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. ***Isibonelo***: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To….)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesiQinisiso -2 nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha mayelana nemidanti engezekileyo.

Isifundo

Isihloko	Iqiniso likaNkulunkulu
Umbhalo weBhayibheli	Johane 18: 28 - 40; Johane 19: 1-16; UJohn 3: 5 noJohn 4: 3
ICatechism & Q&A	Isahluko 5, IKhathekizimu umbuzo: 353 - 358
Inhloso yesifundo	AbaQinisiswa bafuna ukuhlelisisa impilo yabo ngokuhambisana neqiniso likaNkulunkulu.

Isifundo esifingqiwe:

Indaba ibandakanya owesifazane osekhulile, ongowezizwe kanye noweta:
Owesifazane osekhulile wavakashela endaweni yokudlela umphakathi lapho amakhasimende aziphakela khona ngokwawo, waziphakela isobho, wakhokha imali yokubhadala, wase ehlala etafuleni elingenamuntu. Wabona ukuthi ukhohliwe ukuthatha isipuni. Wasukuma wayothatha esisodwa. Lapho ebuya wathola indoda ihleli etafuleni lakhe idla isobho lakhe lona wesifazane osekhulile. Ngokuthukuthela wahlala phansi wabhekana nalendoda efuna ukuthetha nayo. Kodwa-ke, kwabonakala ukuthi lendoda yayingaluqondi ulimi lwendawo. Ngakho-ke, owesifazane wafaka isipuni sakhe esitsheni sesobho. Lendoda yamamatheka yadudulela isitsha maphakathi netafula. Bendawonye manje badla isobho. Ngemuva kwalokho lendoda yasukuma, yavalelisa kowesifazane, yahamba. Isalukazi naso ngokunjalo sabese siyahamba. Uweta wayematasa nokuhlanza amatafula. Wayebonile ukuthi lesi salukazi sazitholela kanjani isitsha sesobho futhi sahlala naso etafuleni elingunombolo wesihlanu. Uweta wabe esekhuqulula komunye umkhawulo wekamelo. Wabona isalukazi sihamba. Lapho uweta ebuyela etafuleni lesihlanu, wathola isitsha esigcwele isobho. Kambe kungani isalukazi singasazange sidle isobho laso na?
Amaqiniso: Owesifazane osekhulile wayesethole isipuni. Esikhundleni sokubuyela emuva ahlale etafuleni lakhe, wahlala etafuleni lomfokazi futhi wadla isobho lakhe!

Iqiniso lomuntu liyaqhathaniswa:
Ngamunye wabantu abathathu wayehumusha isehlakalo esifanyo ngendlela yakhe eyehlukile kwabanye. Zonke izinto sizichaza ngokombono wethu. Kwesinye isikhathi siphinda okuthile esikuzwile kuphela, kepha singakaboni isehlalo ngokwaso futhi singenaso isiqiniseko. Kulokhu sifuna ukuqaphelisisa kakhulu. Kalula-nje kakhulu siye sithole umbono ongelona iqiniso ngomuntu othile noma sahlulele ngokungafanele isimo esithile, ngoba isimo noma isehlakalo ngasinye esisibonile noma sezwa ngaso kusuke kuphela kuyingxenye-nje yendaba

yonke. **Uma siphinda sibuyekeza iqiniso eliyingxenye kukhona ubungozi bokufakaza amanga noma okungelona iqiniso futhi ngaleyo ndlela sephula uMyalo wesiShiyagalombili;** “Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho”.

Amasefo amathathu: Iseluleko esivela kumuntu ohlakaniphile
Isihlungo sokuQala: Sibizwa ngokuthi "iqiniso". Ingabe ukuqinisekisile ngaphambili yini ukuthi lokhu ofuna ukungitshela khona kuyiqiniso na?
Isihlungo sesiBili: Umusa / ukulunga - ukusho okukahle / okufanele. Ufuna ukungitshela lokhu ngoba ukwenzela omunye umuntu noma lokhu ukwenzela ukuzuzisa mina yini.”
Isihlungo sesiThathu: Siyazuzisa. Ingabe lokhu ofuna ukukudlulisela kimina kuyazuzisa futhi kuyadingeka yini na?

Ngakho-ke, uma ufuna ukukhuluma / ukuphinda ukhulume indaba kumuntu okungelona iqiniso, okuqondwe okuhle ngakho, noma okulusizo, ngalokho-ke kungcono kakhulu ukuba ukugcine kuwe, ungakhulumi ngakho.
Iqiniso lobunkulunkulu - uJesu Kristu uyiqiniso futhi ufakaze ngeqiniso. UJesu wathi ezimfundisweni zaKhe, ukuzalwa kabusha ngamanzi nangoMoya kuyisidingo sangaphambili sokungena embusweni kaNkulunkulu. UJesu wabuye wathembisa ukuthi uzobuya azosilanda. Uma sikholwa kulesi sithembiso ngenhliziyo yonke futhi siphila impilo ejabulisa uNkulunkulu, sizongena eMbusweni kaNkulunkulu.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

Sifuna ukuphila impilo ejabulisa uNkulunkulu futhi silungise izimpilo zethu ngokweqiniso likaNkulunkulu.

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Ingabe yini eyathengwa yisalukazi kulendawo yokudlela komphakathi na?

Impendulo: *Isitsha sesobho*.

2. Ingabe athini amagama oMyalo wesiShiyagalombili na?

Impendulo: *Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho*

3. Ingabe yiziphi izihlungo ezintathu indoda ehlakaniphile ekhulume ngazo endabeni yayo na?

Impendulo: *1 = iqiniso; 2 = umusa noma inhloso enhle futhi 3 = ukuzuzisa*

4. Ingabe yini edingekayo ngaphambili ukwenzela ukungena embusweni kaNkulunkulu na?

Impendulo: *Ukuzalwa kabusha ngamanzi nangoMoya. Ngamanye amagama, ukubhapathizwa nokugcotshwa ngoMoya oNgcwele.*

5. Ingabe kwenzekani lapho silungisa impilo yethu ngokuvumelana nesithembiso sikaNkulunkulu na?

Impendulo: *Sizophila impilo ejabulisa uNkulunkulu.*

Amanothi angeziwe Bazali Abathandekayo

1. Njengengxenye yomsebenzi wesikole owenzelwa ekhaya, ingane yakho kufanele futhi isebenzise futhi ifunde isifungo sesiQinisiso ngenhliziyo futhi ngaphezu kwalokho ibheke ukuthi ingabe yiziphi izimfanelo efuna ukuzithola kubangane bayo.

Amagama abhalwe kanjena:

“Ngiyamlahla uSathane nawo wonke umsebenzi nezindlela zakhe futhi ngizinikela kuwe, O Nkulunkulu oziqu-zintathu emunye, uNkulunkulu uBaba, iNdodana noMoya oNgcwele. Ngokukholwa, ngokulalela, nangokuzimisela ngobuqotho ngizohlala ngithembekile lapha kuze kube sekupheleni kwami.”

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane, Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso, Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe, Amen